# QAPHELA UFUNDE !!!

IMIYALELO KUMFUNDI

- FUNDISISA LONKE iphepha ngaphambi kukuqala ukubhala.
- MUSA ukuxova izinombolo zemibuzo.
- Sebenzisa isiZulu esivumelekile.
- Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.
- Sebenzisa UBHALOMAGAMA oluvumelekile.
- HLUKANISA kahle ISIKHATHI umbuzo ngamunye ukuze uqede kahle.
- Qala isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA
- FUNDISISA iphepha lakho uma uqeda ukubhala.

# IMIYALELO NGEZINCWADI

LELI PHEPHA LINEZINCWADI EZIMBILI

- PHENDULA IZINCWADI ZOMBILI OZIFUNDILE
- INCWADI NGAYINYE INEZINHLOBO EZIMBILI ZEMIBUZO.
- KHETHA UHLOBO OLULODWA LOMBUZO INCWADI NGAYINYE.
- INCWADI NGAYINYE INAMAMAKI ANGA-35.
- UMA SEZIHLANGENE ZOMBILI KUMELE ZIKHIPHE AMAMAKI ANGA-70.
- QINISEKA UKUTHI AMAMAKI AKHO EZINCWADI ZOMBILI AYAHLANGANA KAHLE UMA UWABALA.

## *ISIQEPHU A*

*INCWADI*

*UMSHADO – Nelisiwe Zulu*

*1. Fundisisa iziqephu ezilapha ngenzansi bese uphendula ngemisho* ***EPHELELE.***

Ezwe sengathi uyathatheka uBhekani yile ntokazi.

Ayibhekisise. Kuqhamuke elinye itekisi. Isondele kulo. Kuthiwe ligcwele. Ime phambi kwakhe manje uBhekani. Athole ithuba lokuyibuka kahle ngemuva. Uyisusa phansi uyoyikhipha phezulu. Inezitho. Abheke lapha okuqala khona amathanga abone ukuthi ikhona le ntokazi. Imfasankomo le igcwele. Umoya ufune ukusiphephula isiketi kuvele kancane iphezulu lamathanga. Anikine ikhanda uBhekani. Umqondo wakhe uvele usakhe usiqede sonke esingezansi sale ntokazi.

Ngenxa yokuthi umqondo wakhe uthathekile, kuwe iduku lakhe esandleni. Liwele phambi kwale ntokazi. Igobe kancane ilicoshe. Aqume uBhekani.

"Nanti iduku lakho bhuti."

"Ngiyabonga."

Ngesikhathi elithatha leli duku uBhekani ezwe ukushelela kwezandla zale ntokazi angakaze akuzwe.

"Ungowaphi sisi ngoba sengathi angikwazi?" Iqale ithi ukuhleka kancane le ntokazi. Ubuhle bayo budlulele uma isihleka.

"Angikutshele igama lami okungcono bhuti."

"Lilungile nalo."

"NginguTholakele."

"NginguBhekani mina." Asho maqede akhiphe isandla axhawule uBhekani. Afise sengathi kungenqamuke lokho kuxhawulana. Isuke imbheke emehlweni intokazi. Avele afe uBhekani uthando lwale ntokazi.

"Kodwa ngingabuye ngikubonephi sisi?"

"Uma uzogibela lapha sizobonana ngoba ngigibela lapha njalo uma ngiya emsebenzini. Ngihlala kuyo le mijondolo yalapha eNyawushane emisha."

Uthe eqeda ukukhuluma kanje lo sisi lafika itekisi.

Wagibela uTholakele. Wasala uBhekani kodwa inhliziyo yakhe ikuTholakele. Kwabuya iphupho futhi. Wasola uBhekani ukuthi kokunye uyise ubazi ukuthi uzodibana noTholakele.

*1.1 Ukuphi uBhekani njengoba ebona le ntokazi?* (1)

*1.2 Uyaphi yena uBhekani?* (1)

*1.3 Yini ayiwisa uBhekani esitobhini?* (1)

*1.4 Yaphendula ngokuthini intokazi uma eyibuza ukuthi ingeyaphi uBhekani?* (2)

*1.5 Ubani owayefika ngephupho kuBhekani?* (1)

*1.6 Lalifika kubani futhi iphupho elaliphushwa uBhekani?* (2)

*1.7 Lalithini leli phupho elalifika kuBhekani?* (2)

*1.5 Wacabanga ukuthini uBhekani mayelana nephupho likayise uma ebona uTholakele?* (2)

[12]

2 Wayicabanga le ndaba yakhe uBheki waze wafikelwa ubuthongo. Wathi ukuthatha isihlwathi khona endlini yokuphumula yothisha. Akalalanga isikhathi eside ngoba wavuka esevuswa uSifiso.

"Yini ndoda, sathi ucambalele kanti usuyaphupha?"

"Kahle wena!"

"Impela ngizwa usulokhu uthi 'ngiyezwa baba ngiyezwa baba'."

"Ngiyaphupha Sifiso."

Akabange esathanda ukuxoxa kabanzi uBhekani ngephupho lakhe. Kwakuyilo lelo elalimhlupha likayise efuna umakoti ngolaka olwasabekayo.

Sathi siphuma isikole uBhekani wayekhala ngokuthi sephuzile ukuphuma. Wayengasatsheli muntu uma esehamba, wayephumisa okwenhlamvu yesibhamu.

"Washesha kangaka ukubuya namuhla Bhekani?" Unina lowo owayebuza uBhekani.

"Sisheshe saphuma nje mama namuhla."

"Kukhona lapho oya khona njengamanje?"

"Ngizoya ngasesitolo kuphela."

"Usheshe ubuye ngoba ngisafuna kesithi ukungqumuza le ndaba yakho."

"Ngeke ngisheshe ukubuya, kuhle siyixoxe kusasa le ndaba oyishoyo mama."

"Inkinga yami ukuthi nje angisakwazi ukulala Bhekani. Uma ngike ngathi ngiyalala, uyihlo uyangivuthela uthi ngithuleleni ngingakutsheli ukuthi ganwa."

"Ngiyezwa mama, ngethemba sizoyilungisa leyo ndaba."

Wabona uBhekani ukuthi cha le ndaba yakhe inzima. Naye akalali, nonina akalali? Impela akathathe izinyathelo eziphikelele ekuxazululeni le nkinga. Inkinga kwakungukuthi le nkinga akusiyo into engashesha ukuxazululwa. Ithemba lakhe labuyela kuTholakele. Wazilungisa kahle. Wakama ekhanda. Wapholisha nezicathulo zakhe. Ukhona njalo noBhekani lo. Insizwa ephelele futhi eyinono loqobo.

Waphuma kubo wenyuka ngomgwaqo eseyohlangabeza uTholakele.

2.1 *Ulele kuphi uBhekani?* (1)

2.2 *Ubani ovusa uBhekani?* (1)

2.3 *Ukhuluma nobani njengoba ethi, " Ngiyezwa baba."* (2)

2.4 *Ukuphi ubaba kaBhekani lo athi uyezwa kuye?* (2)

2.5 *Yini eyenza uBhekani aphumise okwenhlamvu yesibhamu esikoleni?* (2)

2.6 *Njengoba ephuma esheshe nje ubhekani ekhaya, uqinisile yini uma etshela umama wakhe ukuthi uya esitolo? Phendula usekele impendulo yakho ngemigqa ENGADLULILE kwemithathu.* (3)

2.7 *Uchaza ukuthini uBhekani uma ethi ukuyobona kwakhe uTholakele kuzolungisa inkinga yakhe nomama wakhe?* (3)

[14]

3. *Khetha impendulo EYODWA ubhale igama KUPHELA.*

3.1 *Ubani igama lomngani kaBhekani ( uSandile, uSifiso)*

3.2 *Umsebenzi owenziwa uBhekani ( ungunesi, unguthisha)*

3.3 *UBhekani esitobhini samatekisi wawelwa (imali, iduku)*

3.4 *USifiso usola ukuthi uTholakele ( ungumfelokazi, wadivosa)*

3.5 *Indawo ahlala kuyo uTholakele ( isemijondolo, iselokishini)*

3.6 *UTholakele wathi uZenze ( isoka lakhe, owalapho eqashe khona)*

*[6]*

*[30]*

# *ISIQEPHU B*

*INCWADI*
*IZINYEMBEZI ZOTHANDO ------ D. B. Z. NTULI*

*2. Fundisisa iziqeshana ezilandelayo bese uphendulo imibuzo ebuziwe ngemisho*

*EPHELELE.*

"Lokho akusiyona-ke inkinga, Ma, ngoba ngizomveza lapha uma sengibuya eSikhawini ukuze nawe uzidelise ngaye."

"Phela ukhumbule Roy ukuthi ubuhle bobuso abusho lutho kumuntu wesilisa noma wesifazane. Okukhulu kakhulu ngumoya kanye nokuziphatha kwakhe."

"Makhulu lawo magama akho Ma, kodwa mina nginalo ithemba lokuthi lo makoti engizokulethela yena wehluke kakhulu kuMaSikhosana ngokuziphatha nangenhlonipho yakhe."

URoy wafikelwa ukuzikhuza lapho ecabanga ukuthi konje useze akhulume kangaka nje ngoRebecca ubengakavumi nokuvuma ukuba bathandane, lingasaphathwa-ke lona elokweshela nje. Kodwa wabuye waziduduza ngokuthi uyothi lapho engavumi ngokushesha uRebecca amlethe ngokumzuma kuMaKhulu ebese emqambela ngokuthi unina omkhethile. Lapho-ke noma ikanjani uyovuma.

Kwakungathi uRebecca uyoshesha ukuzwana noMaKhulu njengoba naye uRoy ayemejwayele eqala nje ngenxa yokukhululeka abe enakho lapho bexoxa. Yize noma uRoy ayebuye ezwe enovalo angalwazi ngenkathi besekhumbini, kodwa yena uRebecca wayejwayeleka.

URoy esegezile, waphuthuma kumqashi wakhe ukuze ezwe ngomsebenzi abe ezonikezwa wona phambi kokulanda laba ayekade ebashiye eSikhawini.

Njengoba kwabe kunguMgqibelo nje imidlalo enhlobonhlobo kanye nemishado kwabe kuthe chithi saka. URoy wathi efika nje kumnikazi msebenzi kwabe kuthiwa uzohambisa iqembu elithile labadlali bebhola elabe lizokuya kodlala lena kwaDukuza. Kwakuzodingeka ukuba abahambise ekuseni njengoba babeyodlala emqhudelwaneni womkhumulajezi, okusho ukuthi kwakuzoqalwa ekuseni ukudlalisa amaqembu ngamaqembu kuze kuyoshona ilanga. Kodwa-ke ntambama wayengeke aze abalande laba badlali, babeyolandwa ngomunye umshayeli ngenye imoto.

URoy wayezosuka lapho kwaDukuza ezinkundleni zebhola alibangise lena eSikhawini ayobheka labo ayebashiyile ngayizolo khona emshadweni.

Aluzange lumphathe kahle lolu hambo uRoy, ngoba kwakusho ukuthi angeke esakwazi ukubonana noRebecca athathe ibhantshi lakhe kuyena njengoba kwabe kuzodingeka ukuba aphuthume abadlali bakanobhutshuzwayo kwaDukuza kuqala.

2.1 *U-Roy uxoxa nobani lapha?* (1)

2.2 *Ubani igama likamakoti acabanga ukumletha uRoy?* (1)

2.3 *Wayephumaphi uRoy aze abone lo makoti?* (1)

2.4 *Yini eyayenza u-Roy azikhuze ngale ndaba ayixoxela umama wakhe?* (1)

2.5 *Lalizodlalaphi iqembu lebhola elalizohanjiswa u-Roy?* (1)

[5]

3.

Kusesibhedlela e-Edendale. Sekuyisikhathi sesidlo sasemini. Yisikhathi sekhefu kwabaningi. Kugcwele lapha enkantini. Kumhlophe indlu yonke. Izintokazi nezinsizwa zishaye ezimhlophe qwa. Zishaye ezimhlophe, ezingenalo nelilodwa ichashazi lokungcola. Mina angizigqokanga lezi ezimhlophe. Ngizigqokele ezami nje. Phela mina ngisebenza lapho kwamukelwa khona iziguli. Angilona inesi. Bahle abantwana babantu. Nalowo ongemuhle kakhulu, uvele ajike abe muhle naye uma esengene shi kwezakhe ezimhlophe.

Ngiyababona, bahle bonke, kodwa kukhona oyedwa ovele wangithatha wangibeka le kude ngobuhle bakhe. Nginenyanga eyodwa ngifikile lapha kulesi sibhedlela. Mina ngisuka khona la eGrey's. Ngize lapha ngenxa yokuthola isikhundlana esithe xaxa kulesi ebengikusona. Ngizwa kumnandi kakhulu ukuba kule ndawo. Kade sengikhathele ukuhlala endaweni eyodwa. Kade sebengazi bonke abantu balaphaya eGrey's. Kade sekuyisicefe nje. Kusazothatha isikhathi ukuthi ngaziwe abantu abaningi lapha.

Kunjengoba kade sengishilo ngathi bahle abantu lapha, kodwa kukhona oyedwa okuthi uma ngimbuka, luvele lungithi heqe uvalo. Nanguya namanje ehleli yedwa laphaya ngasekhoneni. Sengathi yinkomo edla yodwa nje leya? Hhayi, mhlawumbe kwenziwa wukuthi ngivamise ukumbona eyedwa. Kufanele ngisheshe, ngithathe ipuleti lami, ngihambe ngiyohlala eduze kwayo le ntokazi engigulisayo lapha ngaphakathi. Kufanele ngisheshe ngoba isikhathi sekhefu sincane, kanti kuningi okufanele ngikukhulume naleya ntokazi. Ngifuna ukuthola umuntu engizohlekisana naye, khona lapha ngaphakathi esibhedlela. Ngifuna abe munye nje kuphela, hhayi inqwaba. Angifuni ukuba nezintombi eziningi endaweni eyodwa. Lokho kudala izinkulumo eziningi kanye nezingxabano ezingapheli. Mina ngiyazithanda.

Angifuni igama lami lihuduluke phansi. Yehlisa isithunzi indaba yokubangwa yizintombi. Yimbi leyo nto. Ayibukeki.

*3.1 Lo muntu ocabanga eyedwa lapha usebenza kusiphi isibhedlela?* (1)

*3.2 Ufike nini lapha kulesi sibhedlela?* (1)

*3.3 Ubekade esebenza kusiphi isibhedlela?* (1)

*3.4 Yini eyenza azosebenza kulesi sibhedlela asesebenza kuso manje?* (1)

*3.5 UZodwa lo ayethi ufisa ukuthandana naye wamtshela ukuthini ngomunwe wakhe?* (1)

[5]

4.

"Pho Bathobile uhamba ubaleka unqamula wedwa emahlathini nje, kwenzenjani?"

Ikhale intombazane sengathi ayisayuthula. Ithathe ithi, "Ngiyocela indawo yokuhlala komalume laphaya eKupholeni. Hi! Hi! Sengi-, sengizithela kolunye nje usizi. Bekungenani nokuba ngishaywe yinyoka yangibulala, kuno-, kunokuba... Futhi ngiyakwazi wena. Uyindodana yenkosi yakwaLuthuli. Ngenzele umusa, sale usungibulala."

Ubuye wonke umqondo kuSihawu. Luthi alumqede uvalo. Kanti le ntombazane iyamazi? Pho enzenjani? Cha, elikamabulala lelo elishoyo alikaze lilunguze ngisho ukulunguza emqondweni wakhe. Yonke le nto idalwa ukungayivumi inkinga azobhekana nayo impilo yakhe yonke. Kubuye kuthi dwi futhi. Habe! Konje angase aboshwe ngalesi senzo? Lona izwe lizothini uma lizwa ihlazo elingaka alenzile? Enzenjani?

Konje uma ihlukuzo lezindoni liwele phansi lenziwa njani? Ligcina libolele phansi uma lingacoshwanga muntu. Kolelamele walicosha liba ligugu. Ubevumelani ukunqotshwa yinkanuko? Pho ingane yomuntu bekufanele ngani akhiphele kuyo intukuthelo yakhe?

Icoshe umfunzana wayo intombazane, ibibitheka zigobhoza izinyembezi.

"Mana Bathobile, mana," asho eyisondeza kuye. "Ngeke ukholwe yilokhu engizokusho kuwena esimweni esinje. Ngiyakuthanda Bathobile. Ngenzele isinyathelo esilandelayo, ungixolele. Fika-ke ekhabonyoko ungasho lutho ngakho konke okukwehlele. Mina ngicela unginikeze amasonto amabili. Ngizobe sengithumela abakhongi. Ngizokushada Bathobile ngikwesule lezi zinyembezi ukuphila kwakho konke. Ngizokushada Bathobile. Ngicela ungikholwe, ngikhuluma iqiniso."

Athule uBathobile ambheke ngamehlo akhe asedumbile. "Konke okunye angisenandaba nakho. Vele wena ungibulale. Ayikho into engisayiphilelayo emhlabeni."

"Endaweni yokukubulala, ngizogcwalisa impilo yakho yonke ngenjabulo engenakuchazwa. Ngiqinisile."

Akezwisisanga uBathobile nalapho uSihawu esemnikeza iwashi lakhe ukugcwalisa isethembiso sakhe. Useze afike emthonjeni wasekhabonina lapho uSihawu emphelezele wambeka khona.

4.1 *Ubani oxoxa noBathobile lapha?* (1)

4.2 *Bakuphi njengoba bexoxa nje?* (1)

4.3 *USihawu yena uhlaleleni la ehlathini?* (2)

4.4 *Ubalekelani uBathobile aze abonwe uSihawu?* (1)

4.5 *Uya kuphi uBathobile njengoba ebaleka nje?* (1)

4.6 *Bhala uxoxe ukuthi kwagcina kwenzekeni phakathi kukaSihawu noBathobile UNGADLULI emgqeni (lines) emithathu?* (2)

[8]

5

"Hhayi wena! Ave uhlekisa nje. Uya edolobheni?"

"Akubuzwa Dombi. Ngisayophola. Awu, usale uqokoza wedwa nje ekhaya sengathi uyisilima?"

"Uqinisile Mntakwethu. Buye mkhulu nomuzi wakho bo! Izindlu konje zingaki? Ziyisithupha?"

"Ziyisikhombisa Dombi."

"Awuzwe-ke!"

"Kade njalo ngangimncenga uJiyane lona ngithi asibhidlize umuzikazi lona ongasile, siyothatha indlu elokishini, engafuni. Ngabe nesizungu asingibulali kanje."

Phela uKaMaseko wayelithanda kabi ilokishi. Futhi kwakuyindawo azalelwa kuyona. UJiyane-ke wamthatha wamletha kubo emaphandleni.

"Uqinisile lapho ntombi kaMaseko. Elokishini phela ziningi izinto zokuchitha isizungu."

"Awubheke nje," kusho uKaMaseko, "umuzi usho ngezindlu ezinkulu eziningi kangaka kodwa phakathi akukho lutho. Indlu enefenisha yinye, yilena kaJiyane enkulu. Nayo nje le fenisha isindala, seyaphuma nasefeshinini. Mina amadoda ngesinye isikhathi ayangixaka," esho enyusa ikhala uKaMaseko.

"Mina angisaboni nje ukuthi ngisengabekezelela indoda. Ndawo! Ukuhlangana kwabantu sebemazinyo qinile bobabili nje yinto engasebenzi leyo," kusho uDombi enwaya isihlathi.

Abantu bafikafika baze baba baningana esitobhini. Kwakuthi uma kuqhamuka imoto, uKaMaseko avayize eyimisa. Nokho angabi nanhlanhla, yedlule imoto ingemi, athole zona izintuli zayo kuphela. Dukuduku kwaqhamuka ibhasi ithwele ihlihlima, ivale ngomuntu emnyango. Yedlula ngehubo, nayo yasho yabafumba ngezintuli. Abiphe njalo uKaMaseko ephimisa izintuli, ezithintitha nasengutsheni yakhe. Kuze kubone noma ubani osesitobhini ukuthi yaze yayikholisa ibhasi le ncwasimende.

"Ewu, ungaze uthintithe, yinhle nale thuphisi yakho. Wakuthengela wakwehlula uJiyane," kusho uDombi ehleka eze ekhiphela ulimi ngaphandle, luba ngaka.

"Yebo phela, wathenga. Kodwa isikhwele sale thuphisi! Uma engangifica ngiyigqokile nje eqhamuka emsebenzini, ngabe ngivelelwe. Angabuza esefile ukuthukuthela ukuthi ngiyifakele ukubukwa ngubani engekho? Awazi wena ukuthi uyikhwelezela kanjani le ngubo yami."

5. 1 Ubani igama lomuntu oshade noKaMaseko? (1)

5. 2 Wazalelwa kuphi uKaMaseko? (1)

5. 3 UDombi uthi yini yena angeke esayibekezelela? (1)

5. 4 UKaMaseko akaligibelanga ngani ibhasi? (1)

5. 5 Kwagcina kwenzekeni kuKaMaseko ngalolu suku? (2)

[6]

6 "Kulungile phela noma singcolile kodwa dedela uRhoda ageze ukuze kunqandeke nokopha lapho umlimaze khona! Woza ngapha ekamelweni MaSibisi sizokhuluma le ndaba!"

"Angayigeza kanjani ingozi uRhoda wakho lona njengoba ngisazomphinda enye nje?" kusho uJosephine.

"Kulungile phela, yize noma usazomphinda. Woza ngalena sikhulume ngikuchazele."

"Akukho manga ongangitshela wona mina Ngobese ngoba ubufakazi nginabo bonke, nabu!" esho ekhipha iphepha lokubhalela elingenalutho emabeleni akhe.

"Njengoba lelo phepha lingenalutho nje, bukuphi-ke lobo bufakazi?" kumangala uNgobese.

"Kanti-ke uzolibona ngoba labhalwa nguwe nje ucabanga ukuthi uyangeqisela kanti ushaye phansi, kunjani-ke manje?" esho epikla uMaSibisi.

"Woza-ke sihlale phansi ukuze ngilifunde nami lelo phepha lakho." Wavuma uJosephine, bashiya uRhoda endlini yokugezela baya ekamelweni lakhe uRhoda.

UJosephine wafike wahlala sakuzilahla embhedeni kaRhoda washo wahlina wabamba esiswini wagqiha. "I! I! I! Awu, ngafa yise kaThoko!" esho elahla phansi ipheshana lelo kanye nesiqwayana sompentshisi esabe sesivavekile ngenxa yomsebenzi esasikade siwenza kuRhoda.

"Yini? Kwenzenjani MaSibisi? Ngabe usudliwa yini ukade ungenalutho nje?"

"Awu, ngafa! Ngafa yisisu yise kaThoko, siyashisa, kuthi mangiye endlini encane!"

"Ngoba indlu encane ihlangene nebhavulomu nje lapho kukhona khona uRhoda wena uzongena kanjani? Uthi ave uqonde ukushaya uRhoda nje, umphinde futhi?" kubuza uNgobese enezinsolo.

"Kodwa ngingathi ngifa ngibe ngishaya umuntu, Ngobese?" kuphendula uMaSibisi eseqala ukujuluka ebusweni.

"Kulungile, angeza unkosikazi wakho Ngobese uma exinekile, mina ngizokuya koqedela ukugeza ngalena ebhavulomu kamesisi," kumemeza uRhoda ephuma endlini yokugezela ehlangene nendlu encane esebhince ithawula. Weza ekamelweni wafike wavula iwodilobhu wathatha ingubo yakhe abe ezoyigqoka kanye nokunye waphuma nakho waya endlini yomLungu. UJosephine naye waya kongena endlini encane, wavala. Emva kwesikhashana waphuma ehamba kancane etabalasa elokhu ebubula ebambelele eqolo.

6.1 Ubani oncenga uMaSibisi ukuthi bazokhuluma ekamelweni? (1)

6.2 Ulimale kanjani lo Rhoda okuthiwa unengozi? (1)

6.3 Bakuphi oNgobese noMaSibisi njengoba bekhuluma nje? (1)

6.4 Ibuphi lobu bufazi athi unabo UMaSibisi? (1)

6.5 UNgobese uphume ehostela wamtshela ukuthini uMaSibisi ekuseni? (1)

6.6 Bagcina benzenjani oRhoda noNgobese mayelana nokugula kukaMaSibisi? (2)

[6]

7.Phendula ngegama ELILODWA VO embuzweni elandelayo.

7.1 URebecca uhlala elokishini ........ (1)

7.2 Umama ka-Roy u......... (1)

7.3 Ubhuti owayeshela uZodwa esibhedlela e-Edendale wayeshade no ...... (1)

7.4 Igama lomngani kaSihawu abakhula naye u........... (1)

7.5 Inkosikazi kamalume kaBathobile ngu....... (1)

7.6 Igama likaMaSibisi inkosikazi kaNgobese ngu.... .. .... (1)

[6]

8. Phendula ngokuthi IQINISO noma IPHUTHA embuzweni elandelayo.

8.1 Ingcwaba lika-Rebecca lisemathuneni aseSeventini eMlazi. (1)

8.2 Igama lomyeni kaKaMaseko u-Bra Stan. (1)

8.3 USihawu owakwa Luthuli isibongo sakhe. (1)

8.4 USebenzile wahamba ngesitimela kuphela eya kwaBulawayo. (1)

8.5 Igama lomyeni kaRhoda uLevy. (1)

[5]

[40]

ISAMBA [70]